### Osomabhizinisi bakhala ngokuhamba kukagesi

# Kuyazwela ukucinywa kukagesi

Xolani Dlamini
xolanid@dbn.caxton.co.za

**UKUCINYWA** kukagesi ngenhloso yokuwonga ngendlela engalawuleki akugcini ngokushiya izakhamuzi zakuleli ebumnyaneni kodwa kuphinde kukhahlameze namabhizinisi ngokulahlekelwa inzuzo.


Ukusungulwa kwesigaba sesithupha sokucinywa kukagesi mumva nje kuholele ekutheni osomabhizinisi balahlekelwe imali eningi ngenxa yokweswela ugesi.

Usomabhizinisi waseClermont, uLindokuhle Khumalo, osungule iBurger Boys nomfowabo eKK, KwaDabeka, uthe ukucinywa kukagesi amahora amaningi kukhahlameze ibhizinisi labo.

"Kunezinsuku esiphoqeleka ukuba singavuli ngazo njengoLwesine lwangesonto eledlule ngenxa yokweswela ugesi. Ngezinye izinsuku sivula amahora mhlawumbe amabili noma amathathu ngenxa yokuhamba njalo kukagesi,'" echaza.

Uthe lesi senzo sika-Eskom sokucima ugesi ngenhloso yokuwonga sibeka ibhizinisi labo engozini yokushabalala.

"Ukuhamba kukagesi njalo kusiphoqe ukuba sithenge ijeneretha kodwa nayo esingakwazi ukuyisebenzisa ngenxa yentengo ephezulu kaphethroli. Imali esiyitholayo sithenga ngayo ugesi ngoba sisebenzisa wona kakhulu kwazise senza ukudla okusheshayo," kusho uLindokuhle.



ULindokuhle Khumalo osungule iBurger Boys nomfowabo KwaDabeka ubalisa ngomthelela omubi wokucinywa kukagesi ngenhloso yokuwonga ebhizinisini labo. *Isithombe: Xolani Dlamini*

Uqhube wathi kubangcono uma ugesi uzocinywa amahora amabili ngoba bayakwazi ukuthenga uphethroli ozosebenza ngaleso sikhathi.

Weluleke uhulumeni wakuleli ukuba uzame ukushintsha isimo enkampanini ephehla ugesi ngoba uma kuqhubeka ngale ndlela kuzovalwa amabhizinisi amaningi.

Ebuzwa ngenhloso yokusungula leli bhizinisi, uLindokuhle uthe babefuna ukudayisa ukudla okwehlukile emphakathini wabo.

"Ukudla esikwenzayo yilokhu okutholakala ezitolo zokudla ezisemadolobheni. Sathatha isinqumo sokuba silethe ukudla okwehlukile elokishini ngoba sidayisa amaburger, amashibusi athosiwe nenyama," esho.

Uveze ukuthi le ndawo bayivula ngaphambi kokuba kubheduke ukhuvethe ngowezi-2020 kanti sebevule enye efanayo eMlazi.

Unxusa osomabhizinisi abasafufusa nasebephumelele ukuba besekane ukuze kwenyuke umnotho wezwe.

# Ishaya ingwijikhwebu eyamatekisi ngolomalume

**INHLANGANO** yamatekisi aseClermont naKwaDabeka isithathe isinqumo sokuvumela abezimoto ezithwala abantu abayisi-7 ukuba bathuthe abafundi.

Ekhuluma naleli phephandaba uMnuz Sunshine Ngwane weClermont and KwaDabeka Taxi Association ngoMsombuluko ntambama, uthe isinqumo size emva kwezikhalazo ezivela kubanini balezi zimoto.

"Inhlangano yethu ibe isithatha isinqumo sokuvulela abanezimoto ezinezihlalo eziyisi-7 ukuba zibuyele ekuthutheni abafundi. Izimoto ezivaliwe ukuba zithuthe abafundi amaveni nezincane. Esikubhekayo njengamanje ukuthi izimoto ezithutha abafundi azigcwali ngokweqile futhi abashayeli bayayilandela imithetho yemigwaqo," echaza.

Lokhu kulandela isinqumo sobuholi balo soseshini sokuvala izimoto ezincane, amaveni nezithwala abayisi-7 ukuba zithuthe abafundi ngesonto eledlule kumhlangano obusehhovisi layo eliseNew Germany.

Ekhuluma nabahambisa abafundi ezikoleni kulo mhlangano uDkt Mandlenkosi Mchunu onguSihlalo walo soseshini, wathi isinqumo sithathwe ibhodi lezokuthutha.

"Izimoto ezincane nezinezihlalo eziyisi-7 azikho esimweni esikahle sokuthutha abantu, empeleni ezemindeni. Kuba khona inkinga uma zibandakanyeka ezingozini ngoba azibhalisiwe ngokusemthethweni ukuthutha umphakathi," kusho uMchunu.

Wabalula ukuthi angeke bakubekezelele ukugcwala ngokweqile kwezimoto ezithutha abafundi wanxusa abashayeli nabaphathi bezimoto ezithutha abafundi ukuba balandele imithetho ebekiwe.

UMchunu weluleke abaphathi bezimoto ezithutha abafundi ukuba babize imali eyodwa ngokuthutha abafundi umuntu angayenyusi ngoba efuna ukuhlomula ngaphezulu kwabanye.

Owemoto encane owayethamele umhlangano ongathandanga ukuveza igama, wathi akahambisani nesinqumo esithathwe yile nhlangano.

"Sesineminyaka sithutha abafundi ngezimoto ezincane. Kungani besivala manje, asinikwanga nasexwayiso. Ngiyamangala ukuba bathi sizokwenzenjani ngabazali babafundi asebekhokhile nokuthi siyazikhokhela lezi zimoto futhi siphila ngawo lo msebenzi," ebeka.



UMnuz Sunshine Ngwane weClermont and KwaDabeka Taxi Association ekhombisa ipheshana okufanele ukuthi abathutha abafundi babe nalo.


## Ukuthuthukiswa komgwaqo uKassier Isigaba 1A


WESTOWN SHONGWENI

**Sekuqaliwe ukuthuthukiswa komgwaqo uKassier osekunesikhathi kulindiwe kanti uMkhandlu iTheku uzibophezele ngokuxhasa ngemali lo msebenzi ukuze kwakhiwe iWestown.**

ETHEKWINI MUNICIPALITY

IWestown yindawo esetshenziswayo exube idolobha nehlane ezothuthukiselwa izinto ezahlukene eminyakeni emihlanu kuya kweli-10 ezayo. Le ntuthuko izoholela ekuthuthukisweni kwengqalasizinda eningi kule ndawo okubalwa:

- Amanzi amaningi, amanzi asebenzile nogesi
- Amabhuloho amasha phezu kukaM13 noN3 (ibhuloho labahamba ngezinyawo)
- Impambuko yomgwaqo nebhuloho okusha phezu kukaKassier Rd ukungena eWestown
- Ukwenziwa ngcono kweKassier Rd kusuka kuR103 kuya kuMilky Way kube nemizila yezimoto emine okungemibili ephambanayo nhlangothi zombili, indawo ehlukanisa imigwaqo yezinhlangothi phakathi neyabahamba ngezinyawo eceleni. Lokhu kuzophothulwa ngezigaba ezintathu isigaba 1A no-1B okulindeleke kuqedwe ekupheleni kuka-2024.




**ISIGABA 1A**

Ukusuka kuN3 kuya ezimpambanweni zikaMilky Way (MR559).

Kusukela ekupheleni kuka-Januwari 2023 umgwaqo wokudlula uzobe usukhona engxenyeni kaKassier Rd. Uzohamba nhlangothi zonke futhi uzoba khona isikhathi esinganezinyanga ezili-12.

FUNDAMENTUM PROPERTY GROUP
SMEC South Africa Member of the Surbana Jurong Group
EAP

www.westown.co.za Facebook.com/Westown.Shongweni @westown-shongweni